# *UMprofethi Onamahloni*

Manje kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo endabeni ethi: *UMprofethi Onamahloni.*

2 Kulokhu ukusa sithathwe kakhulu ngumprofethi owayegqoka ingubo ende eyisekeni. Futhi siyazi kulobubusuku, kusukela emBhalweni, kulokhu ukusa, ukuthi thina uqobo sigqoka ingubo ende eyisekeni. Thina . . . ingubo ende. Futhi ngijabula kakhulu ukuthi yingubo ende eyisekeni, ngokuba lengubo ende esiyigqoka manje ibalelwe kuNkulunkulu njengokulunga, ngoKristu Jesu. Futhi asithathi ingubo ende esidliwe yinundu yesayense yezenkolo yomunye umuntu edliwe yizinundu nezinyendle, kanjalonjalo, ethi, "Izinsuku zezimangaliso sezedlule, futhi ayikho into ethiwa u—ubukhona bukaMoya oNgcwele ezindaweni zonke manje." Kodwa thina sembethe ingubo ende yokulunga kwaKhe.

3 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Hhayi ngokwazi kwethu, kodwa e—ekwazini kweNkosi yethu uJesu.

4 Futhi lapho ngehla eJordani, ngifuna ukwembatha ingubo yaKhe ende, ngethembela kweyaKhe. Futhi ithunzi elikhulu lesango elimi phambi kwethu sonke, elibizwa ngo "kufa," njalo lapho inhliziyo yethu ishaya, sisondela ngokushaya okukodwa kulesosikhala esikhulu leso yonke indoda nowesifazane bafanele badlule khona. Futhi lapho sengifika kulesosikhala, kanye nani makholwa, ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi angiyi lapho nalokhu enhliziywени nasengqondweni yami, ukuthi ngenze okuthile okukhulu. Ngiya lapho, ngivuma futhi ngazi ukuthi ngiyisoni, futhi ngazi lokhu, ukuthi, ngifuna ukuzisonga ngezingubo ezinde zokulunga kwaKhe; nalobubufakazi, ukuthi, "NgiMazi emandleni ovuko lwaKhe." Ukuthi, lapho Ebiza kwababafileyo, ngifuna ukuphuma.

5 Manje, inkundla yethu nomdlalo wasesiteji uhlelwe kulobubusuku ukwenzela indikimba yethu, yangolunye usuku kwaIsrayeli, okwakuthi akube yiminyaka engamakhulu ambalwa kwedlula i—isikhathi sikaElija. Okuningi ukuphumelela nokungaphumeleli okufikile ekubuseni kukaIsrayeli. Futhi manje sisenkundleni namhlanje ebusuku . . .

6 Kulokhu ukusa besisesinkundleni lapho kwakunokuningi ukuzifanisa ngokwenyama, ukuthi kanjani ukuthi isikole sabaprofethi babephezulu lapho beqeqeshelwa ukuba ngabaprofethi. Nokuthi babelula kanjani, kwaze kwathi ngisho abangawaqonda amandla kaNkulunkulu. Babecabanga ukuthi amandla ayephakamisele uElija phezulu futhi amphonsa ngaphandle entabeni ndawo ndawo, futhi bathumela iqembu elicingayo ukuba limzingele. Ngenkathi, uElisha esazi,

okuhle nokuhle kakhulu, ukuthi uNkulunkulu wayemthathe wamyisa eNkazimulweni. Ngokuba, wayengekho. UNkulunkulu wayemthathile, futhi waphunyuka ekufeni ngokuya eKhaya kuNkulunkulu, ngenqola yoMlilo namahhashi oMlilo. Futhi-ke sibonile ukuthi amakolishi abo nemisebenzi yabo yesanyense yezenkolo engeyabo ayisebenzanga. Kwathatha ukukhetha nokubiza kukaNkulunkulu ukwenza umprofethi kaNkulunkulu.

7 Futhi manje, kulobubusuku, sithola uIsrayeli esimweni sokuhlubuka. UIsrayeli wanokuphumelela nokungaphumeleli kwakhe. Kwakuyisona kanye isifanekiso sebandla namhlanje. Ngesinye isikhathi babephezu kwezindlu, esikhathini esilandelayo babesezansi esigodini. Yilokho okuthathayo ukusenza sithakasele into enhle. Yilokho abakubiza ngokuthi umthetho wokwahlukanisa.

8 Umuntu omnyama waseAfrika akazange azi ukuthi wayemnyama, isikhumba sakhe, waze wabona uDavid Livingston. Futhi wathi . . . Khona-ke waqonda ukuthi isikhumba sakhe sasimnyama, ngoba uLivingston wayemhlophe. Ngukwahlukanisa.

9 Ubungasoze wazi ukuthi ithakaselwa kanjani imini uma ubungabanga nobusuku. Ubungasoze wazi ukuthi kuthakaselwa kanjani ukukhanya kwelanga uma ubungenalo usuku olunamafu. Ubungasoze wazi ukuthi kuthakaselwa kanjani ukulunga, ngaphandle uma uke waba nokungalungi okuthize. Ubungasoze wazi ukuthi ithakaselwa kanjani impilo enhle, ngaphandle uma uke waba nempilo engcolile, enye impilo embi. Yilabo kuphela . . .

10 Futhi yingaleso sizathu ngicabanga ukuthi sizothakasela iZulu kakhulu kakhulu, ngoba sike saphila emhlabeni. Futhi ngicabanga ukuthi umthetho wokwahlukanisa . . . Isizathu sokuthi sithakasela uMoya oNgcwele kakhulu kangaka, kulobubusuku, yingenxa yokuthi sihlale isikhathi eside kakhulu ebandleni elasitshela ukuthi yayingekho into enjalo. Isizathu sikuthakasela, kulobubusuku, yingenxa yokuthi sike saba nolunye uhlangothi. Futhi yileyondlela uNkulunkulu akuhlose ngayo, ngoba abantu baKhe kade benokuphumelela nokungaphumeleli. Awusoze wazi ukuthi sithakaselwa kanjani isiqongo sentaba, ngaphandle uma uke waba sesigodini. Futhi, ngakho-ke, awusoze wazi ukuthi athakaselwa kanjani amanzi amnandi ngaphandle kokuthi uphuze amanye amabi ngesinye isikhathi. Manje-ke u—u . . . Yonke indlela, ngumthetho wokwahlukanisa.

11 Manje, uIsrayeli wayekwesinye sezimo zakhe zokuhlubuka, futhi into enje pho abayenzile!

12 Manje, uIsrayeli wayengokhethiweyo, okhethiweyo, abantu abakhethiwe, okungukuthi uNkulunkulu wakhetha uIsrayeli

ngenhloso ethile eyodwa, ukuthi igazi likaIsrayeli limele libe ngumgudu wegazi ohlanzeke kunayo yonke, ngokuba kulolo libo kwawuzofika uMesiya qobo lwaKhe.

13 Konke kwehle ngeTestamente eliDala, uNkulunkulu wabonakala kumuntu. UNkulunkulu wabonakala kuAbrahama, njengekholwa lokholo. UNkulunkulu wabonakala kuDavide, njengenkosi. Wabonakala kuJosefa, njengokulunga. Wabonakala kuMose, njengomprofethi, umpristi, umnikezeli-mthetho. Wabonakala ezansi ngeminyaka, kumprofethi. Njalo WayeZazisa ngamadoda, ngesabelo, ngomprofethi, inkosi, umpristi, umnikezeli-mthetho, nokunye nokunye. Kodwa, kuKristu, Wahlala kuYe, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, futhi azi ukuthi loMoya ufanele ekugcineni uthole indawo yokuphumula. KuElija, wayeyindoda yokulunga kukaNkulunkulu. Waqeda ubulungiswa bukaNkulunkulu. Futhi, uMose, wayengumnikezeli-mthetho, ukuthi uhlala emgqeni noma uphume. Kuzo zonke lezizinto, uNkulunkulu emelwe. Kodwa lapho Efike kuKristu, Wayengophelele, ukugcwala konke kobuNkulunkulu ngokomzimba kwahlala kuKristu.

14 Futhi uNkulunkulu wake Wazimela ekugcwaleni, ngaphambilini. ENcwadini kaGenesisi, ngokohlelo lukaMelkisedeki, “Owayenganayise, engenanina; engenakuqala kwezinsuku, noma ukuphela kweminyaka, noma ukuphela kokuphila.” Futhi WayenguMpristi, iNkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu, kaNkulunkulu ophezukonke, Engenasiqalo noma isiphetho. Wayengelutho ngaphandle kokufanekiselwa kweNkosi uJesu Kristu. Isizathu, WayeyiNkosi yaseSalema, eyiNkosi yoKuthula, eyiNkosi yaseJerusalema. Futhi Wayesekufanekiselweni. Ngisho nokhokho uAbrahama wakhokha okweshumi kuYe. Wayengumfanekiselo wokufika kweNkosi uJesu. UMelkizedeki ofanayo owahlangana noAbrahama phandle emathafeni ngaphambi kokubhujiswa kweSodoma neGomora. Futhi—futhi Wahlangana naye emva kweSodoma neGomora, lapho uAbrahama aMkhokhela khona okweshumi kwayo yonke impango ayeyithathe enkosini.

15 Zonke lezizinto zifanekiswe, zafanekiswa kuKristu. Futhi manje, onke amathunzi abangcwele beTestamente eliDala, ukuphumelela nokungaphumeleli kwakhe, kwakuyisithunzi nesifanekiso, nezibonelo kithi namhlanje.

16 Manje, sithola ukuthi uIsrayeli wayengafanele ukuxubanisa umshado. Umshado wabo wawumele ube phakathi komunye nomunye, hhayi ongesiye umIsrayeli ashade noweZizwe, kodwa kwakungukugcina umgudu wegazi labo uhlanzekile. Futhi kuze kube yinamhlanje, ngikholwa ukuthi umgudu wegazi lamaJuda ungumgudu wegazi—gazi ohlanzeke kunayo yonke ebusweni bomhlaba namhlanje, yiJuda. Basabheke lowoMesiya. Kodwa, U . . . Siyazi ukuthi Usevele ufikile; namehlo abo

aphuphuthekiswa, ukuze sibe nethuba lokuphenduka ngoKristu.

17 Manje, ngesikhathi sokubusa kukaEzra, abantwana bakwaIsrayeli base behlubukile. Babephumile futhi bathatha abesifazane bakwaMowabi, babezitholela abesifazane bamaAmori, namaPherizi, nabaningi kwezinye izizwe. Futhi abazange babashade kuphela, kodwa babephinga phakathi kwabo, ukungcola, nokungcolisa wona impela umgudu wegazi, okungumgudu wokuphila.

18 Futhi isithombe esinje pho esiyiso namhlanje ngamabandla ethu, indlela aqhelelana ngayo nomugqa ogwediwe wefeshini endala uNkulunkulu awulobela ibandla. Imithetho esasizophila ngayo, ibandla liphinga nezwe. Seliphumile langena ezweni, futhi liqala ukulibala ezweni.

19 Manje, lokhu kwahlambalaza umprofethi kakhulu kakhulu, kwaze kwathi, lapho efika phambi kukaNkulunkulu, washaywa amahloni ebusweni bakhe. Okokuqala ngenkathi ezwe ngakho, futhi ubone u—ukubola kokuziphatha kwabantu bakubo, kwamlimaza kabi kakhulu waze wahlala phansi futhi wazigcoba, wahluthula izinwele zakhe netshebe yakhe, futhi wayenenhliziyo ethwele kanzima phambi kweNkosi, ngomkhuleko. Khona-ke ngenkathi umhlatshelo wakusihlwa usunikeliwe, wangena ethempelini futhi wawa ngamadolo akhe futhi washaywa amahloni phambi kukaNkulunkulu, ngenxa yezono zabantu.

20 Manje, akazange ashaywe ngamahloni ngomgwaqo obomvu okwegazi wesifunda selambu elibomvu. Akazange ashaywe ngamahloni ngezimpuzi zikatshwala emgodini wesihogo, nakuba bebabi njengoba kungenzeka. Kodwa, washaywa amahloni ngenxa yesono sabakhethiweyo.

21 Futhi esikudingayo namhlanje ngabanye abaprofethi futhi abanoNkulunkulu owenele enhliziyweni yabo ukuba bashaywe ngamahloni eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngenxa yezono zabantu abazibiza bona uqobo ngabantu bakaNkulunkulu futhi benza ngendlela abakwenza ngayo. Yeka ihlazo esililethe kulendawo! Ukuziphatha kwabantu bakithi . . .

22 Lena akuyona indaba elula ukukhuluma ngayo. Ngingacabanga ngezinto eziningi ezazilula ukukhuluma ngazo. Kodwa, mfowethu, uma umuntu-mumbe engami athi qekelele kulolu olugcwele isono, usuku lokuphinga esiphila kulo, futhi abize imibala, kuzokwenzakalani na? Umuntu-mumbe ufanele ayikhulume into. Umuntu-mumbe uzofanele akubeke phambi kwabantu.

Mhlawumbe uEzra wayengafuni ukukwenza, kodwa kwakusenhliziyweni yakhe.

23 Futhi nxa ubona inceku kaNkulunkulu ibaqotho ize ibe nobuso bayo nezandla zayo emoyeni, ikhuleka kuNkulunkulu,

nokushaywa ngamahloni ngenxa yobubi babantu, khona-ke uzobona ukuqala kwemvuselelo. Umuntu angeke ahlale eBukhoneni bukaNkulunkulu, ibandla lingeke lahlala eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngaphansi kokuphenduka, ngaphandle uma uMoya oNgcwele wehla futhi unike ukugcoba namandla okuqala umnyakazo kaNkulunkulu phakathi lapho phakathi kwalabobantu. Kufanele kube njalo!

24 Ngikhombise indoda. Ngikhombise omunye uCalvin, uKnox, uFinney, uSankey, noma ngabe yimuphi walabo abazizwela umthwalo wabantu, abazowa ngobuso babo futhi bakhale futhi bakhuleke phambi kukaNkulunkulu. Sithumelele uJohn Smith webandla leBaptisti futhi, owakhuleka ubusuku bonke ngenxa yobubi babantu, kwaze kwaba yilapho amehlo akhe aze avuvukale avaleke ngokusa okulandelayo, ngokukhala izinyembezi, kwaze kwaba yilapho unkosikazi wayeyomholela etafuleni futhi amfunze ukudla kwakhe kwasekuseni ngesipuni. Ngibonise uJohn Wesley futhi, isivuthevuthe esahlwitha emlilweni, ngizokukhombisa imvuselelo.

25 Lokho abakwenzayo namhlanje, sikumbambatha emhlane. Sikubiza ngokuthi yi*lokhu* futhi *lokho*, nemvuselelo, lapho kungekho mvuselelo kukho. Kulungile. Kunokushukuma kwedlingozi lenkolo phakathi kwabantu, kodwa ayikho imvuselelo.

26 Babeneqembu lenkolo ngalolosuku. Babenezintshukumo ngalolosuku, kodwa babedinga imvuselelo.

27 Ngani, mfowethu nodadewethu othandekayo, ukuziphatha kwalesisizwe sekube phansi kakhulu kangangokuba kuyokwenza inja ibe namahloni. Kungenza inja ihhawundi ishaywe amahloni ukuba ibingenza lokho, ukuziphatha okubi kwabantu bakithi! Abantu, ngisho neminyaka edlule, izinto esinazo, i—isizwe esiyenzile, izinto abantu abazenzile! Konke ngukushoda komkhuleko.

28 Ibandla elalivame uku, elingakholwanga yimibukiso yezithombe, babengeke bavumele abantwana babo ukuba baye embukisweni wesithombe. Babewugwema umbukiso wesithombe. Futhi, namhlanje, ngani babe ngisho ne. . .Baba nombukiso wesithombe endlini yabo uqobo. Yonke indlu inethelevishini.

29 Endaweni lapho ababevame ukucabanga ukuthi kwakungalungile ukuphuza ubhiya, endaweni lapho ababevame ukucabanga. . .UJohn Barleycorn, wayengumfo omkhulu onenhliziyo elukhuni kanjani. Namhlanje, amaphesenti angamashumi ayisithupha alabo ababizwa ngamaKristu uthatha isiphuzo senhlaliswano okungenani kanye ngonyaka. Khona-ke baya ekuzitikeni okukhulu, ngoKhisimusi, lapho benomgubho wabo. Ngoba, bathathe imfundo yasesikoleni ukuba ithathe indawo yensindiso. Akusoze kwakwenza.

30 Esikudingayo yimvuselelo. Sifaka amabhandishi amakhona ezinzwane, sixebule; elinye ibhandishi lamakhona ezinzwane, silixebule, futhi sisathola ukuthi ubuhlungu busekhona. Esikudingayo namhlanje akusikhona ukuzalana kwenhlaliswano yomphakathi, akusizo izingxoxo zobuhlakani. Esikudingayo namhlanje yifeshini endala, ukuthekelelwa ngeGazi elithunyelwe nguNkulunkulu livela eZulwini. Amabhandishi amakhona ezinzwane ngeke asisize ngalutho. Sishodelwa yigazi. Sidinga ukuthekelelwa ngeGazi. Sidinga ukubuyela eVangelini lefeshini endala elibiza ukuphenduka phambi kukaNkulunkulu. Futhi hhayi ongakhali izinyembezi, owavuma ngokuxhawula; kodwa ethunyelwe nguNkulunkulu, imvuselelo kaMoya oNgcwele onikwe ukuhlanzwa kweGazi leNkosi uJesu Kristu kuyo yonke inhliziyo yomuntu. Sidinga imvuselelo ukuba iqale eBandleni, futhi ishanyele sonke isizwe. Sizofa, sizobhubha, asisekho, ngaphandle kwalolohlobo lwemvuselelo.

31 Ngikhathele ngidiniwe ukubona imvuselelo encanyanyana yaseHollywood, ebizwa kanjalo, lapho abantu bengena khona futhi bashukunyiswe ngamadlingozi amahora ambalwa, futhi, noma usuku noma ezimbili, noma iviki noma amabili, bese ephuma futhi lokho yikho konke okwakho. Mfowethu, ungaba se. . . usetshenzwe yimvuselelo. Ungaba namadlingozi. Ungaba nezinhloso ezinhle. Zonke lezozinto zilungile, kodwa asikudingi lokho namhlanje.

32 Sidinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukushintsha amadlingozi, nokuhlakanipha, nombono, imikhuba, impilo yabantu, futhi sikubuyisele emgwaqweni oqondile futhi. Ngaphandle kokuthekelelwa ngeGazi elivela eCalvary, zonke izinguquko zethu ngeke zisize ngalutho nhlobo.

33 Asidingi iU.N. Sine U.N. lapho, futhi yenzani na? IGama likaNkulunkulu alikaze libizwe. Bayesaba ukuLibiza. Kwake kwabuzwa, yiqembu labefundisi basesontweni, "Kungani bengenamkhuleko na?" Bathi, "Ungahle ukhube omunye umuntu, omunye wabanye ababengakholelwa kuNkulunkulu."

34 O, esikudingayo yimvuselelo. Akwenzi nayimuphi umehluko ukuthi ukhuba bani, sifanele sishumayele iVangeli futhi sibize imibala yethu ukuba isebenze. Kunjalo. Ngeke ngikunike usheleni nganoma yiluphi uhlelo olushiya uNkulunkulu ngaphandle kwalo, noma ngabe yi U.N., noma amakhulu-amane, noma kungahle kube yini.

35 Kuze kuba lesisizwe sivukela endaweni, ukuthi siyafa ngaphandle kweGazi leNkosi uJesu Kristu; kuze kube yilapho abantu ngamunye evukela e—embangeleni, ukuthi siyafa! Isizathu sokuthi siyafa, asikho ngokwasekuqaleni, indlela, ikhambi, iselapho uNkulunkulu asinikeza sona eKalvari.

36 Akumangalisi kwenza umuntu ashaywe amahloni! Akumangalisi! Owangempela, umshumayeli weqiniso ebuka enhlanganweni yebandla lakhe bese ezama ukuliholela phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Futhi avakashele amakhaya abo, bese ebathola bebhema usikilidi, betshelana amahlaya angcolile, bebungazana kwingemuva legceke, ngamaphathi kabhiya; behambahamba ezitaladini, abesifazane babo abasebasha, nabaphakathi nendima yempilo, nokunye nokunye, futhi ngisho nogogo egqoke izikhindi ezincane. Umama ngaphandle esitaladini ephethe ingane ngengalo eyodwa, egqoke ngokukhanukisayo ngokwanele ukuheha ukunakwa yinoma yimuphi ugweva obehamba esitaladini; futhi bazibiza ngamaKristu. Kungenza noma iyiphi indoda yeqiniso kaNkulunkulu ishaywe ngamahloni, ukuletha umuntu onjalo eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kunjalo!

37 Futhi konke okokujoyina ibandla nokuthola iklasi elingcono, sekufinyelele entweni engenamqondo, futhi kwenza ngalolosuku futhi kuyokwenza lokhu. Sibuyisele kuNkulunkulu, hhayi ngokujovelwa kwemfundo, hhayi ngokujovelwa kwenguquko yezenkolo, hhayi ngokujovelwa kolunye uhlobo lwesayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Kodwa umbhaphathizo oyifeshini endala kaMoya oNgcwele owathunyelwa phansi uvela kuNkulunkulu, uvela eZulwini, esahlakalweni sepentekoste sokuvuthisa ukuzinikela. Futhi nishintshanise phakathi lapho igugu uNkulunkulu ayelihlosele ukuba libe lapho, indodana nendodakazi kaNkulunkulu. Size senze lokho, bafowethu nodadewethu, sizobe sisenazo izinwele eziphunguliwe, ukuzipenda, kwabesifazane ababukeka bekhanga ngokocansi; namadoda ephuza, ebhema, futhi ezibiza ngamaKristu; ngoba abazi mehluko. Enhliziyweni yabo, yona impela leyompande yokwenyama ilele lapho, futhi sidinga ukuhlanzwa kwebandla, kusuka kwiphansi kuya epulpiti. Amen. Futhi kunjalo.

38 Esikudingayo namhlanje ngabaprofethi abashaywa ngamahloni. UNkulunkulu . . . Ngesinye isikhathi abantu beza emgqeni womkhuleko, ukuba bakhulekelwe, bebukeka sengathi baya endlini yodumo olubi. Kunjalo. Beza ukuzocela uNkulunkulu okuthile, futhi bebukeka njengoJezebeli. Esikudingayo namhlanje ngukuhlanzwa kwendlu nokufudunyezwa kwenhliziyo, yabaprofethi bakaNkulunkulu abazoma epulpiti futhi bekhiphe into, bese besho okulungile nokungalungile; futhi bashumayele iVangeli ngale kokuxegisa, kuze kuthi izoni ziwele kwiphansi lendlu, futhi zikhale izinyembezi aze uNkulunkulu athumele uMoya oNgcwele ukuhlanza impilo yabo. Amen. Siyazi ukuthi kunjalo. Kunjalo.

39 Ngashumayela lapha kungekudala futhi ngathi wonke owesifazane kulelidolobha wayenecala, ngenye indlela noma

enye, ngokuphinga. Banjalo. Abesifazane bahamba behla ngedolobha lapha futhi kunzima ukuba bathenge ingubo, ngaphandle uma ifana nokungathi bathululelwa kuyo. Angikho lapha uku. . . Leli yibandla lami. Nginelungelo lokushumayela lokho uMoya oNgcwele angitshela ukuba ngikushumayele. Kulungile.

40 Ake nginitshele. Angikugxeki, dadewethu. Kodwa uMoya oNgcwele awunifundisi yini okwehlukile na? Uma ungenzi, ngiyesaba ukuthi awukawutholi uMoya oNgcwele. Kunjalo. UMoya oNgcwele awusikho uku "memeza". UMoya oNgcwele awusikho uku "sina eMoyeni." UMoya oNgcwele awusikho uku "khuluma ngezilimi." UMoya oNgcwele ungukulunga. UNkulunkulu, usinikeza imvuselelo kaMoya oNgcwele yokulunga okuthunyelwe nguNkulunkulu.

41 Awuqondi yini ukuthi uma uzigqokisa kanjalo futhi uhambe wehle ngesitaladi, namadoda ekubuka ngendlela engafanele, ukuthi ekwaHlulelweni . . . Ungahle ube msulwa njengomnduze, phambi komyeni wakho. Kodwa, ekwaHlulelweni, uyoba necala lokuphinga nomfo oziveze kuye.

42 Akumangalisi Uyokwenza umuntu ashaywe ngamahloni! Akumangalisi! Kwenzekani kuNkulunkulu na? Ngenkathi, iBhayibheli lathi, ekuqaleni, ukuthi, "KwaMdabukisa, ukuthi Wenza umuntu." Kwadabukisa inhliziyo kaNkulunkulu, ngenkathi Ebabuka ngalezo zinsuku ngaphambi kwembubhiso yezwe langaphambi kukazamcolo, ukuthi Wayenze umuntu. Kwenzakalani na? "Amadodana kaNkulunkulu abona ukuthi amadodakazi abantu ayemahle." Kwakuyimpendukezelo. Kwakuyinxovanxova yocansi. Kwakuyileyonto eyaxosha abantwana bakaNkulunkulu ensimini yase-Edeni. Kwakuyileyonto eyabangela isahlulelo sikaNkulunkulu, ukuletha ukuthula emhlabeni. Kwakuyileyonto eyabangela ukuba babhujiswe. Kwayilokho kuxubanisa okufanayo, phakathi kwabesifazane nabesilisa, okwabangela ukuba iSodoma neGomora licwile ekujuleni koLwandle oluFile.

43 Kwashiwo ngabaprofethi. Kwashiwo yiNkosi uJesu, ukuthi, "Njengoba kwakunjalo emihleni, kuyoba njalo ngaphambi kokuFika kweNdodana kaNkulunkulu." Siyabuka namhlanje, futhi sibone ukuthi ibandla lisika iphethini yalo ingaveli eBhayibhelini, ingaveli kuRuthe futhi ingaveli kuNawomi, futhi ingaveli kuSara nalabo abaseBhayibhelini. Kodwa basika iphethini, ngisho nabesifazane bebandla, emva kweHollywood nakho impela ukulandela iphethini kadeveli.

44 Nokuthi kanjani abantu bakithi, abazibiza ngamaKristu, baphume lapha futhi bathole lezizindlela zomuntu omubi. Lamarekhodi kaElvis Presley, noma ngabe ubani igama lakhe, omunye wabantu abadukiswe kakhulu, abakhwelwe ngudeveli kwengake ngabezwa empilweni yami. UArthur Godfrey

nonjengaloyo, futhi belalela lezozinhlobo zokungenangqondo emisakazweni yenu; futhi benqabe ukuzwa intshumayelo yeVangeli ishunyayelwa, neBhayibheli. UNkulunkulu makabe nomusa kini. Nhloboni yomoya esinawo phakathi kwethu na? Kunjalo.

45 Akumangalisi umprofethi kaNkulunkulu washaywa amahloni phambi kwe—kweNkosi. Wayazi ukuthi kwakungalungile. Futhi wama futhi wavuma icala, wayesethi kuNkulunkulu, "Asilungile."

46 Futhi sinjalo, bangani, kuze kube sikwazi ukubuyela kuleyondawana yokuthekelelwa ngeGazi. Yeka ukuzama ukufaka amabhandishi amakhona ezinzwane. Yeka ukuzama ukugcoba omunye umuthi. Ukuphulukiswa ngeke kwafika ngaphandle uma umgudu wegazi ulungile.

47 Yingalesosizathu abantu benesifo sikashukela. Uma oyedwa ubengake azisike yena uqobo, cishe akusoze kwaphulukiswa. Ngani na? Ngoba izinhlayiya zegazi ezibomvu zangempela sezidlekile.

48 Nebandla lonke selibe nesifo sikashukela. Futhi konke ukusika okuncane okufikayo, esikhundleni sokuhamba uqhubeke, uyakucosha. Ngeke kwaphulukiswa. Ukuzidla, umhobholo, ukuziphatha okubi, konke okunye okusekhalendeni likaNkulunkulu lo "kwenza okungalungile," ibandla licosha leyomikhuba. Amadoda ephuza, ebhema, esho amahlaya angcolile. Abesifazane begunda izinwele zabo, bezipendile, benza zonke izinhlobo zezinto, bezigqokisa ngokungenasimilo ebusweni babantu. Zonke lezozinto zingenxa yokuthi sishoda ngeGazi leNkosi uJesu Kristu ukuba lisihlanze kukho konke ukungalungi. Amen. Lokho kungahle kubonakale kunzima. Impela, kunzima, kodwa yiQiniso.

49 Uma singabhodli sizwakalise izahlulelo zikaNkulunkulu umninimandla onke, nizobanjwa ngolunye lwalezizinsuku ngukuqhuma kwebhomu le-atomu lapha, eliyothumela yonke imiphefumulo ePhakadeni, ukuhlangana noNkulunkulu oyovuma kuphela iGazi leNdodana yaKhe, uKristu Jesu. Ngithanda ukunibona niza ngaphansi kweGazi. Iseluleko sami, kini, ngukuba nilungisane noNkulunkulu. Iseluleko sami kini.

50 Awu, kungani singabi nokukholwa na? Kungani singabi nokuphulukiswa okukhulu kunesinakho na? Kungani singazitholi sakheke kahle na? Yingenxa yokuthi sifaka amabhandishi amakhona ezinzwane; ngoba sifaka izitikha; sifaka iziqephu zeteyipu. Sizama ukumboza into, esikhundleni sokuthi sidinga ukuthekelelwa ngegazi. AsinaGazi. AsinaKristu. Ungazikhohlisi.

51 Ungavumeli udeveli akumbambathe ehlombe, ethi, "Awu, ngiya ebandleni."

52 Udeveli uyenza, naye. Kunjalo. Impela wakwenza; wenyukela kuNkulunkulu, waya ebandleni eliphezulu eZulwini; ufika phambi kweSihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, namadodana kaNkulunkulu, uhlala kanye nawo phansi; waba nezethameli noNkulunkulu. Wathi, "Uvelaphi na?"

53 Wathi, "Ngiya emuva naphambili, ngehla ngenyuka, emhlabeni." Yilapho ayekade ekhona.

54 Ngakho, udeveli uyaya ebandleni. Udeveli ungowebandla. Udeveli wenza njengomKristu. Ungumkhohlisi. Futhi uma engenzanga njengomKristu futhi wenza njengebandla, ubengeke abe ngumkhohlisi; akekho umuntu obengakhohliswa. Into kuphela, kungumehluko njengokumnyama nokumhlophe. Kuyaphikisana. Kodwa Yena . . . IBhayibheli lathi, "Kuyosondelana kakhulu kuze kudukise nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka," lowo moya ngosuku lokugcina. Bangane, silapho.

55 Yisikhathi sokuba abaprofethi bakaNkulunkulu, o, mfowethu, sabashumayeli, uma ubungakusho, esizweni sonke, ukuba bawe ngobuso babo.

56 Ngani, nakuba, kunamabandla ayizigidi eziyishumi nesishiyagalolunye eBaptisti . . . AmaBaptisti ayizigidi eziyishumi nesishiyagalolunye, njalo, eMelika; amaMethodisti ayizigidi eziyishumi nantathu; amaLuthela ayizigidi eziyishumi nanye; amaPresbyterian ayizigidi eziyishumi. Umusa, cabanga ngalokho! Futhi njalo njalo beya emdlalweni webhola, ukuzijabulisa. Futhi ngoLwesithathu ebusuku, nangezinye izikhathi ngeSonto ebusuku, bahlale ekhaya ukuba balalele ithelevishini nomsakazo, ngokudukluza okudala okufishane namahlaya abawadonsa kwiHollywood. Umphefumulo wenu ugingqika kulolohlobo lwento.

57 Ngenkathi, benifanele nibe neBhayibheli lenu niphandle ndawo ndawo, nilele phambi kukaNkulunkulu, ngamadolo enu, nikhulekela izono zezwe.

58 Futhi nginecala ngani. Sengicabangisisile. Ngosizo nangomusa kaNkulunkulu, uma uNkulunkulu wethu ezonginika amandla okukwenza, ngizimisele ukucindezela ngasendawaneni yobizo lwaphezulu kuKristu Jesu, ngize ngikhululwe ukufa. Nkulunkulu yiba ngumsizi wami ukuba ngenze kanjalo! "Ngisize," ngumkhuleko wami. Ngibona imisebenzi, nokubona izinto engizibonile nawe ozibonile, ngokusala ngemuva, futhi ngibe nokushodelwa yigazi kokomoya.

59 Futhi lelitabernakele elaziwa kuwo wonke umhlaba, lendawo encane yebhloki kakhonkolo ehlezi ekhoneni, uNkulunkulu ukuphakamisele phezulu phambi kwesizwe. Kulungile.

60 Ngicabanga ngalokho uDavide, ngobunye ubusuku, ngenkathi ethi, "Nangu mina, ngihlala endlini yomsedari,

nomphongolo kaNkulunkulu wami uhlala etendeni." Wathi, "NgizoMakhela indlu."

61 UNathani, umprofethi, wathi, "Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngoba uNkulunkulu unawe."

62 Ngalobobusuku, uNkulunkulu wabonakala kuNathani wayesethi, "Da-. . .Hamba utshele uDavide, 'Wawungubani, Davide na? Wawu. . .Ngakuthatha emhlambini wezimvu, ekwaluseni izimvu. Futhi ngakwenza igama elikhulu, njengamadoda amakhulu esizwe.'"

63 Ubani owayekulelitabernakele elincane ehlezi lapha na? Ibuya elincane lolwandle elidala, into exoshiwe ihlezi ekhoneni loMgwaqo uEighth noPenn, kwaze kwathi iJeffersonville yangazi ukuthi yayikuphi, nabantu abeza lapha. Futhi namhlanje, uNkulunkulu, ngomusa waKhe, uye wanicosha futhi wanenza abantu abakhulu. IBombay, iNdiya iyazi ukuthi lelitabernakele libekwe kuphi. EThekwini bayanazi; zonke lezi ezinye izizwe. IAfrika iyazi ukuthi lendawo ikuphi; eNdiya, eJalimane, eNgilandi, eFinland, eSweden, eYurophu, eAsia, bonke, ezansi le eziqhingini zaseThailand, nasezansi phakathi lapho, bazi konke ngakho. Futhi uNkulunkulu usenze saba yisibonelo kubantu. Futhi ukucabanga, khona-ke, emva kokuba uNkulunkulu enza lokho, futhi siyaphenduka futhi sindwaze ezintweni zezwe, futhi sibe nokushodelwa yigazi kokomoya kakhulu. Ngani, besifanele sibe yisibani solwandle esibekwe egqumeni, ikhandlela elingefihlwe. O Nkulunkulu! Nginecala njengani nonke.

64 Engikuqondile, ngifuna—ngifuna ifeshini endala, ukuphenduka okuthunyelwe nguNkulunkulu, nobizo emva kuNkulunkulu, ukuthi lapho amadoda nabesifazane bengena kulowo mnyango, ngezinduku zokuqhugela, bazophuma bengesenazo. Lapho impumputhe iholwe ingena emnyango, zizophuma zibona. Lapho isithulu singena siyisithulu, zizophuma sezizwa. Lapho izoni zingena, zimnyama futhi zishaywe yisono, zizophuma, zihlanzwe eGazini leWundlu. Singekwenze lokho na? UNkulunkulu wabiza uIsrayeli futhi wabenza isibonelo. UNkulunkulu wasibiza futhi wenza isibonelo, kodwa sibhekisele phansi uNkulunkulu, futhi kusishayisa ngamahloni eBukhoneni bukaNkulunkulu.

65 Ukucabanga lokho, izinto Asenzele zona! Ukuthi Usiphakamise kanjani esisusa ekwaluseni izimvu! Ukuthi Usazise kanjani, umhlaba wonke! Ukuthi Usenzele kanjani izinto enkulu! Futhi, nokho, siyandwaza, futhi sizixubanisa ngapha futhi siphume, asibonakali siqotho. Asisenamkhuleko, futhi nje izinto azi, njengokuthi, zihambe kahle. Futhi sizama ukufaka izinhlelo ezincane, amabhandishi amakhona ezinzwane, ukudambisa ubuhlungu. Ungeke wadambisa

ubuhlungu uze uthole elihle, iGazi elicebile phakathi lapho ukuphulukisa into. Kunjalo!

66 Usika ikhona lozwane elidala, futhi uzozitholela isifo sikashukela, futhi sizonquma unyawo lwakho. Ungazami ukukhipha *lokhu*, futhi weqe *lokhu*, bese usika ibhandishi lekhona lozwane ku*lokhu*.

67 Kodwa into okufanele uyenze ngukuza ngqo phambi kukaNkulunkulu, bese uthi, "Nkulunkulu, ngishodelwa yigazi, futhi ngidinga iGazi laKho ukuba lingihlanze kuzo zonke izono zami." Lowo ngumkhuleko wami, ngithemba ukuthi ngokwakho.

68 Cabanga ngalezizinto, mngani. Ngolunye lwalezi zinsuku; kuyafaneleka ukuba kwenzeke emini yasekuseni, njengoba kuzokwenzeka eminyakeni engamashumi amahlanu kusukela namhlanje. Ibhomu elilodwa elicitshwayo, elinye lalelobhomu lekhabhali noma ihayidrojeni linga . . . Isizwe sonke simazonzo.

69 Nikubonile ephepheni ngolunye usuku lapho befuna khona isayensi, ipentagoni, ukuba iphendule amasoso andizayo. Kwakungeyona inganekwane. Kwakungeyona into eyayicabatshangwa. Kwakuyiqiniso. Kwakungubuhlakani. Bandiza ekubumbekeni kwempi. Babengama. Babengaqala. Babengama. Babengasho. Kwakungubuhlakani. Bayakwazi. Abantu bahleka. Bathi, "Amasoso andizayo?" bahlekisa ngakho.

70 Kodwa niyazi ukuthi ngicabangani na? UJesu wathi, ngaphambi kokuba Afike, kuyoba nezibonakaliso eZulwini phezulu. Nike naqaphela na? Ngaphambi kokuba Aqale, wabhubhisa iSodoma neGomora ngenxa yodaba lwabo locansi, Wathumela iziNgelosi ezansi ukuba zikuphenye. Izingelosi zifikile emhlabeni eminyakeni embalwa edlule. Ziye zabonakala phakathi kwabantu; ngiqonde, abantu abaqotho abahlanzwe ngeGazi abayaziyo. Baze bama futhi bathatha izithombe zazo. Kunjalo. IziDalwa eziyiziNgelosi zivakashile, zibuyisela izwi kuBaba, lesosono sinqwabelane kwaze kwaba izinkanyezi sekunzima ukuba zikhanye. [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti kahlanu—Umhl.] Inyanga . . . Izwe lonke ligingqika njengendoda edakiwe ingena ebusuku. Kunjalo.

71 Isono phakathi kwamaKristu, phakathi kwabaKhethiweyo! Bathengise ngobuzibulo babo, ngenxa yokuthandwa ngabantu. Umfundisi useshintshanise iVangeli ngephathi yezenhlaliswano. Useshintshanise ngeVangeli elihlanzwe ngeGazi eliyifeshini endala ngenxa yobuhlakani babantu, ukushumayela ubuhlakani, ukukhuluma komphakathi, nokusetshenziswa ngokungesikho iVangeli. Abaningi babo baphumile bangena emasimini, beshumayela, futhi basebenzisa iVangeli ukuze bazizuzele okungokwabo, ukwenza imali. Abaningi babo banezinqolobane ezinkulu nezimoto, nezinto ababengasoze

baba nazo, ukuzuza komuntu siqu. Hhayi bonke; nginokubonga ukuthi isekhona insali.

72 Ezinsukwini zikaEzra, lapho uEzra eqala ukukhala izinyembezi, nokubiza futhi asole isono, niyazi ukuthi kwenzekalani na? Bonke abakhethiweyo, abethemba uNkulunkulu, bahlangana ngakuye.

73 Esikudingayo namhlanje ngamadoda nabesifazane... Abashumayeli benu uyashumayela, lawo mabandla, futhi abize isono nge "sono," futhi asikhuze, abantu bangempela bakaNkulunkulu bayohlangana khona ngqo phezulu ngakuwe, futhi bahlale nawe. Kunjalo. Sekuyisikhathi sokumemeza, futhi usho ukuthi yikuphi, uhlukanise okulungile kokungalungile. Nkulunkulu siphe khona, ukuthi siyoba nesibindi sokukwenza.

74 Cabanga nje ukuthi kungenzekani. Njengoba benginitshela, ngiyakholwa, kulokhu kusa, noma ngizwe othile ekusho, ukuthi phezu...Omunye walaba balindi oqaphile; ngiyakhohlwa ukuthi nikubiza ngani manje, okwebhomu, noma amabhanoyi azayo. Kungekudala, kwakunohlelo olufikayo ndawo ndawo, ukuthi babememezele izindiza ezinkulu, ezinabambhomba ngamajeti abangamakhulu amathathu namabhomu e-atomu namabhomu ehayidrojeni elenga ngaphansi kwawo.

75 Kungekudala, esikhumulweni sezindiza esikhulu eShreveport; omunye wabafana waphenduka lapho emihlanganweni kaMfowethu Jack. Wathi, "Sinamabhomu e-atomu alenga ngqo ezilengisweni zethu."

Ngathi, "Awu..."

76 "Ku..." Ngiqonde ukuthi, "E—ezindizeni; futhi besingenyuka futhi sizejwayeze kanye nawo, nsuku zonke."

Ngathi, "Awesabi na?"

77 Wathi, "Awanazo izincipho kuwo. Kodwa siqaphele, ukuthi ungakapheli umzuzu, imizuzwana engamashumi ayisithupha, singaba nezincipho phakathi lapho futhi asisekho. Futhi agcwalisiwe ngokusapethroli futhi alungele, abengandizela eNgilandi nawo, ngokushesha."

78 Nezilengisi zibekwe phandle olwandlekazi, yonke indawo. Futhi bathi eRashiya, "Ningalinge niqathaze ibhomu elilodwa! Nje niqathaze ibhomu elilodwa le-atomu kwi U.N. noma ndawo ndawo lapho, futhi bhekani ukuthi kwenzakalani!"

79 Kuzoba njani na? Kuyoba ukuhlasela okukhulu kuya eRashiya. Futhi uma bengenza lokho, futhi beqale ukuqathaza lawo mabhomu e-atomu nehayidrojeni, kuyobangela ukuphendula okuyiketango obekungashisa umhlaba ube—ube yintambo yekhandlela, uncibikale nje. Niyazi, kungeke kwaphikisana nomBhalo nakancu. "Ngokuba umhlaba uyakusha, nezulu, futhi." Ama-atomu omhlaba ayosha.

80 Siphila osukwini oluyingozi. Siphila osukwini lapho amadoda ezwe esabela ukufa. Amadoda amakhulu, a—ayebesaba ukuthi ngubani oyoqhumisa lelobhomu lokuqala. Ibhomu lokuqala eliqhumayo, khona-ke yonke into iya e—eralini.

81 Bekufanele kube yisikhathi esijabulisayo kakhulu emhlabeni kumKristu. Izikhathi zizoshintsha. Omdala uzoba musha. O, he! Ukufa kuzoshabalala. Ukugula ngeke kusaba khona. Akusayibakho mihlangano yemikhuleko yabagulayo. Akusayikubakho mihlangano yemikhuleko yabalahlekile. Kodwa uNkulunkulu uyafika futhi athathe abaKhethiweyo emimoyeni yomine yomhlaba, futhi uyakubabuthela ngaphansi kwephiko laKhe uqobo, futhi siyophila futhi sibuse naYe kuze kube phakade eZulwini laKhe.

82 O, mfowethu, dadewethu, mngane wami, uma ungalungele kulobubusuku, kwangathi ungalungiselelwa kulelihora. Ngikunikeza isimemo sokuba uze kuKristu Jesu, kulobubusuku, futhi wamukele. Wena okade uhlukile, wena owaziyo ukuthi awukho lapho ofanele ube khona noNkulunkulu, ngikumemela e-altare nami. Nginimema nonke ukuba nize lapha, futhi kungesikho kuphela ukuba nisho, kepha ukuba nihlale lapha uNkulunkulu aze ukuba usehlanze umphefumulo wakho kukho konke lokho okungefani naYe, uze ukwazi ukuphuma lapha ungumuntu omusha. Ungafake bhandishi lamakhona ezinzwane, kodwa uphume lapha usuthekelelwe ngeGazi elihlanzisisa igazi lakho futhi likunike ukuPhila okusha nethemba elisha. Phuma nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Phuma, ungamemezi, ungasini, hhayi kakhulu kangako . . . Lezozinto zilungile. Zonke zingezeBandla. Zonke ziseBhayibhelini. Kodwa engikhuluma ngakho nguMoya oNgcwele, uthando lukaNkulunkulu.

83 Insizwa yayikhuluma nami ngolunye usuku. Unina, owesifazane othandekayo. Ngangimazi owesifazane, ngahlangana naye kanye noma kabili. Futhi wathi, "O, sthandwa," kumfana wakhe, "woza lapha, ngifuna ubuke. Nginamafutha esandleni sami." Awu, nginawo, futhi. Yilapho ebengijuluka khona. Manje, wathi, "Nginamafutha esandleni sami." Wathi, "Ucabangani ngalokho na?"

84 Nomfana wabuka unina, wathi, "Mama, ngifuna ukukubuza okuthile." Wayemfuna ukuba akhulekele, efuna akhulekele ukuba ahambe eduzane noNkulunkulu. Wathi, "Ngenkathi amafutha engena esandleni sakho, ngabe akuthathe konke ukulahlwa kwakho na? Ngabe akunike isehlakalo esimnandi noNkulunkulu, lapho amafutha . . . "

"Qhabo."

Wathi, "Khona-ke ngizowayeka." Yilokho-ke.

85 O, izwe, izwe lezenkolo, abantu bepentekoste, babheke okumangalisayo. Izwe, izwe elifundile (elibizwa kanjalo), izwe lobuhlelo, libheke esinye isixazululo esikhulu esingenza ngcono ihlelo labo bese bethola amalungu amaningi kulo, "isigidi ngaphezulu," niyazi.

86 Futhi i—izizwe zibheke uhlobo oluthile lombutho wamaphoyisa ongaguqisa wonke umhlaba, futhi ulethe ukulunga.

87 Mfowethu, akufiki ngesimangaliso sepentekoste. Kanjalo futhi akufiki ngezinhlangano zamaProtestani noma ngeziphathimandla zeKatolika. Kanjalo futhi akufiki ngokuyizinhlangothi ezinhlanu, noma ukuphenya amakhasi amasha. Kufika ngempilo enikezelwe kuJesu Kristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Noma yini eshoda ngalokho, ayilungile.

Asikhuleke.

88 Ngizocela udadewethu ukuba eze kwi ogani lapho, upiyano, ngalesi sikhathi. Sisesemkhulekweni, ngenkathi wonke umuntu benekhanda labo likhotheme, futhi wonke umuntu esemkhulekweni. Ngiyazibuza, ngalomzuzu, uma ubungahlola umoya wakho ngeZwi likaNkulunkulu. Ukahle na?

89 Emva kwalenkonzo, njengoba nginitshelile. Nginomkhwekazi elele ngaphesheya, endaweni ngqo yokufa. Ngifanele ngimbone. Uyafa. Abanye abangane, engaziyo ngabo lapha, engibavakashelayo, olele endaweni yokufa, abantu abahlale kulelibandla. O, mfowethu, dadewethu, wehlela lapho, nawe. Ufanele wehlele lapho.

90 Manje, wena uthi, "Awu, ngi—ngiyakwazi lokho, Mfowethu Branham. Ngihlose ukuthola lokho kulungisiwe, ngolunye lwalezi zinsuku." Kodwa kungenzeka kungabi "olunye lwalezi zinsuku," ngawe. Lolu kungahle kube yilona suku kuphela.

91 Yayazi kancane kanjani leyondoda, ivela eCalifornia, iya eMichigan, ngolunye usuku, nomkayo omncane phezulu lapha, ishayela i—imoto; yona isemqanseni, beya ekhaya labo elisha. Yayisanda kuthatha umhlalaphansi eMbuthweni. Yayazi kahle kanjani lapho isisukile ngalokho kusa, mhlawumbe isuka echwebeni labavakashi, ukuthi umkayo nomntanayo babeyoba isidumbu emizuzwini embalwa na? Kodwa, ngaphezu nje kweHenryville lapho, imoto yabo yangqubuzana nebhasi. Nomshayeli wenza i—i . . . imoto yayo yenza umese okukhali, cishe, kodwa yabulala owesifazane nentombazanyana. Ngithemba ukuthi umphefumulo wabo wawulungisene noNkulunkulu.

92 Amaviki ambalwa edlule, ngenkathi uMfowethu Wood nami senyukela lapha ebhanoyini elaqethuka ngemva kwendawo lapha, futhi sababuka bedonsa izicubu zomzimba wamadoda ayisishiyagalombili, lapho amakhanda nemilenze nezingalo

kusaphazeke yonke indawo. Becosha umzimba, nezibilini ziwa ziphuma emzimbeni; indoda elungileyo, mhlawumbe, indoda edumile yaseChicago. Ngenkathi leyondoda igibela ebhanoyini ngalokho kusa, ngiyazibuza ngobusuku aya ngabo esontweni, uma wayenezinhloso ezinhle. Ngabe umelusi wakwenza ukubizelaealtare na? Ngabe wasikhuza yini isono, nendoda yaba nethuba na? Noma ngabe yaphuma njengesilwane na? Ngabe indoda, emehlweni kaNkulunkulu, yayiyindodana kaNkulunkulu na?

93 Cabangani ngalezozinto, bangane. Zibalulekile. Azibalulekanga kuphela, ziyinto ebaluleke kakhulu kuwe ngalelihora. Lesi yisikhathi lapho ozocabangisisa khona. Lesi yisikhathi lapho ungenza khona isinqumo sakho salokhu kuphila, wenzele ukuphila emva kwalokhu. Kwangathi ungasenza ngenkathi sisakhuleka.

94 Baba waseZulwini, sisafunda eBhayibhelini ngalokho Owakusho ngesono, nalabo abesenzayo futhi bengasivumi. Siyaqonda ukuthi kusho ukuthini ukufa ngale kokwazi uNkulunkulu. Siyakwazi lokho ngezahlakalo zabanye, esibabone behamba. Labo abahlosile, labo abakuqhelise isikhathi eside kakhulu. Nkulunkulu, labo abavumile futhi bengabanakho lokho abathi babenakho. Labo abazenze ngathi bangamaKristu, futhi nokho abakaze babe ngumKristu. Ukuphila kwabo kwakufakazisa, nokufa kwabo kwakubonakalisa.

95 Manje, Baba, ngikhuleka ukuthi Uzokhuluma kuyo yonke inhliziyo lapha kulobububusuku. Nami uqobo, Nkosi, ngokuba ngobambezelayo, ngezinto eziningi engabe ngazenza futhi ngangazenza, ngivuma iphutha lami. Ngivuma amaphutha alababantu. Ngivuma amaphutha alesisizwe. Ngicela Wena ukuba ube nomusa, Nkosi. Nginabantwanyana abathathu lapho ukuba ngibakhulise. Futhi siphila lapha endaweni eshisayo, futhi, Nkulunkulu, asikho isidingo sokugijima. Wazi konke ngakho. Nkulunkulu, ngifuna ukulungisana naWe.

96 Ngolunye usuku, uma ibhomu le-atomu lingasitholi, ukusakazeka kuyosithola. Uma ukusakazeka kungasitholi, esinye isifo siyosithola. Kukhona okumele kusithathe. Kodwa sijabule kakhulu ukwazi ukuthi kunendlela yokuphunyuka. "IGama leNkosi li—lingumbhoshongo, futhi abalungileyo bagijimela kuwo futhi baphephile." Nkulunkulu, kwangathi umngane oyisoni, kulobububusuku, umfana, intombazane, indoda noma owesifazane, abone umnyango ovulekile, ithuba, futhi agijimele kuKristu ngalelihora.

97 Manje ngenkathi sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe bakhona abanye lapha, noma uzo. . . Ngiyazi ukuthi kunabanye lapha abangathanda ukusho, ngesandla esiphakanyiselwe kuNkulunkulu, "Nginamahloni ngempilo

yami. Futhi ngi—ngifuna ukuvuma amaphutha ami phambi kukaNkulunkulu, futhi ngicele umusa." Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunabaningi benu, abaningi benu. Ya. Kunabaningi benu lapha, futhi, aba… uNkulunkulu akubusise.

98 Abaningi benu lapha, abazibize ngamaKristu isikhathi eside, futhi niyazi ukuthi nehlulekile ukuhamba emgqeni noNkulunkulu, wazi ukuthi wenza izinto khona manje obungafanele uzenze. Futhi uyahamba, ungazivumi, futhi ungaboshiwe untanta negagasi. Ukubuka uhlobo lwezinhlelo obungafanele uzibuke. Ubuka uhlobo lamaphephabhuku futhi ufunda incwadi ongafanele uyifunde. Akufanelekile kumaKristu. Ukulalela amahlaya anyanyisayo—anyanyisayo nokungcola nezindaba zocansi ongafanele ukwenze; kokubili amadoda nabesifazane. Niyazi ngezindawo lapho obufanele ukhulume khona futhi wangakwenza, futhi unecala, mhlawumbe, isono sokushiya.

99 Angazi uma ubungaphakamisela isandla sakho kuKristu, ukuba abe nomusa kuwe, futhi akuthethelele. Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane; njengoba owesifazane ephumile, ukuba eze ealtare, ukuba avume ezakhe. Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubususe. Kulungile, mnumzane. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Phakamisa isandla sakho. Uyazi ukuthi wenze okungalungile.

100 Angazi uma unesibindi, kulobubusuku, ukuhlangana nami lapha ealtare. Asiguqe ngapha futhi sithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kithi sonke. SiyaKudinga." UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

101 Ukubona laba besifazane abasebasha beza, bekhala izinyembezi, ukuphila phambi kwabo! Basezimpambanweni zomqwaqo. Bayisisulu sezimo. Ini? Uyaqonda, mkhulu, ngenkathi sisengabafana, abafana bethu banesilingo esiphindwe kashumi kwesasinaso na? Dadewethu, uyaqonda ukuthi indodakazi yakho inesilingo esiphindwe kashumi owawunaso ngenkathi useyintombazana na? Izoba nani indodakazi yayo na? Bheka izinto, izithombe udeveli azidwebayo.

102 O, sikudinga kanjani ukukhuleka! Manje sizobuyela kuwe futhi. Mfowethu, uyaqonda yini ukuthi asikhuleki ingxenye kakhulu njengoba obaba bethu babekhuleka na? Melusi, uyazi ukuthi asifaki isikhathi esiningi kakhulu emadolweni ethu njengoba omelusi ngaphambi kwethu benza na? Besifazane, niyaqonda ukuthi awuyiyali indodakazi yakho, futhi ukhuleke nayo ebusuku, njengoba umama wakho enza kuwe na? Khonake, kuthiwani ngakho, ubani onecala? Sinecala. Akukho ndlela yokuphunyula. Sinecala.

103 Nginecala. Nginecala lokungenzi umsebenzi kaNkulunkulu, njengalokhu bengifanele ngenze. Ngiyakuvuma, ukuthi nginephutha. Ngicela uNkulunkulu abe nomusa kimi. Ngibuka phandle lapha futhi ngibone amathuba engiwagejile, ngenxa yezinto ezincane, ezincane, izinto ezindala ezingabalulekile ebezingathi shu. Nginamahloni ngami uqobo, njengomfundisi weVangeli phambi kwenu. Ngiyaphenduka phambi kukaNkulunkulu, futhi ngicela uNkulunkulu angithethelele, nebandla ukuba lingithethelele, ngokuba ngobambezela kakhulu ngomsebenzi kaNkulunkulu. Ngomusa kaNkulunkulu, nangosizo lukaNkulunkulu, a—angizukulalela kulokho. . . Wonke umuntu ezama ukukutshela okuthile ukuba ukwenze. Banohlelo. Banokuthile ukuba ukwenze. Umbhedo. Ngiyalwazi uhlelo lukaNkulunkulu; lulotshwe lapha eBhayibhelini. Futhi nginamahloni ngami uqobo njengomfundisi weVangeli. Isigidi esisodwa semiphefumulo eyazuzwa; Bengifanele ngabe ngizuze imiphefumulo eyizigidi eziyishumi. Ngingemuva le.

104 Kuthiwani ngawe na? Mingaki imiphefumulo oyizuzile selokhu ube kuKristu na? UbuKristu nje busuka komunye buye komunye. Mingaki imiphefumulo oyizuzile selokhu ube ngumKristu na? Uma ungazuzi miphefumulo, unecala, uyinyumba, ulethe ihlazo eBandleni naseVangelini. Bangaki abantu obatholayo beze emkhulekweni wangoLwesithathu ebusuku na? Uma ungakwenzi, ubufanele ube namahloni ngawe uqobo phambi kukaKristu. Unecala, nendawo yakho ise-altare. Ngiyakumema ukuba uze kanye nami, ukuba uphenduke. [UMfowethu Branham uyama kancane—Umhl.]

105 Ngakho-ke nizowakhothamisa amakhanda enu, futhi niligcine likhotheme umzuzu, ngenkathi ngizwa icala lami futhi ngithanda ukuphenduka. Vele ukhothamise ikhanda lakho. [UMfowethu Branham ushiya ipulpiti futhi uguqa e-altare—Umhl.]

106 Baba wethu waseZulwini, ngikhothamela phezu kwaleli-altare futhi ngicela intethelelo ngesono sami. Ngicela intethelelo ngezono zalabo abazungeze i-altare. Ngicela intethelelo ngalelibandla, ngomzimba—ngomzimba wamakholwa kuzwelonke nasemhlabeni wonke. Ngicela umusa ngathi, singababambezelayo kakhulu ngokuphathelene nezinto zoMbuso. Ngicela ukuthi Uzosixolela ngezono zethu, futhi ususe iziphambeko zethu—zethu—zethu. Futhi sithethelele ngokuba yiziwula kangaka, ngenxa yobuwula babantu. Ukuthi sifike kanjani okushodeni! Ukuthi sikuthathe kanjani ukuzivocavoca ngokomzimba! Ukuthi sizenze kanjani izinto ebesifanele ngabe asizenzanga! Ukuthi sone kanjani phambi kwaKho!

107 Futhi kulomhlangano wangeSonto ebusuku, Baba, sibona umprofethi onamahloni weBhayibheli, sishawa ngamahloni kulobubusuku. Ngishawa ngamahloni phambi kwaKho, ngenxa yezono zabantu. Abantu, isizwe sakithi, abantu bakithi,

ngibe namahloni ngabo, Nkosi. Ukubona abesifazane bethu abasebasha behamba ezitaladini futhi beziphatha ngendlela abayiyo! Ukubona ubufebe, izinsizwa ziphila nga—ngalo lonke uhlobo lokuphila! Ngibabona behlala ekhaya bevela ebandleni, futhi bafunde amaphephabhuku amadala abebefanele bangawafundi! Bebuka lezozinhlelo ezingasuswangwa ukungcola! Belalela amahlaya angcolile eHollywood! Belalela umculo omdala wokuzibinya kadeveli, ochanyuselwe uvela emadodeni angawodumo olubi futhi anonembeza onyanyekayo, ukuthonya kukadeveli, ukugqugqumezela imisebenzi kadeveli!

108 O Nkulunkulu, nginamahloni ngami uqobo ngokungakhuzi ngendlela engifanele ngenze ngayo. O Nkulunkulu, susa icala lami. NgiKucela ukuba ukwenze. NgiKucela ukuba uxolele lababantu abalapha, kuqala, sonke. Sisize ukuba sivuke kuleli-altare njengamadoda nabesifazane abasha. Sisize ukuba sihambe lapha njengoba amaKristu abefanele ahambe.

109 Sisize ukuba si "Beke eceleni konke okusindayo, nesono esithandela kalula, ukuze sikwazi ukugijima ngokubekezela ibanga esibekelwe lona." Singabuki ithelevishini, singabuki osomahlaya bezwe, kepha, "Sibuke kuMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu, Owashaya indiva ihlazo lesiphambano futhi walithwalela thina, futhi wahlupheka engenasango, ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe."

110 Sihlanze kukho konke ukungalungi, futhi usithathe njengabantwaba baKho, kulobubusuku, futhi usamukele kulomkhuleko wokuphenduka. Futhi usiphe, Nkosi, ukuthula nenjabulo. Futhi kwangathi yonke imibhede, kulobubusuku, lapho sesilala, sicabanga ngalomhlangano wasebusuku, kwangathi singacabanga ngezimo zezwe, iBhayibheli elisembulele zona manje. Kwangathi thina, sisacabanga ngakho, ubuso bethu buthelwe ngehlazo, futhi kwangathi Ungaletha ukuthula nenjabulo kuyo yonke inhliziyo. Siyaphenduka, Nkosi, phambi kwaKho, kuleli-altare.

111 Nkulunkulu, ngisize njengoba ngisafohla manje, ngokukholwa, futhi ngikhulekela ukuthi kusentandweni yaKho, ukuthi abaningi, abaningi, amakhulu amaningi abantu bangazuzelwa kuWe. Futhi ngisize ukuba ngibe nokukholwa nesibindi, njengoba ngiqhubeka; ngingabheki kunoma ubani kepha kuWe, uMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu. Nkulunkulu, siphe khona.

112 Thethelela lonke idikoni lalelibandla. Thethelela umelusi. Thethelela amalunga nje, Nkosi. Thethelela wonke umuntu ngezono zethu zonke. Sithethelele, Nkosi. Thethelela zonke izihambi esangweni lethu. Futhi kwangathi singezwa umthelela kaMoya oNgcwele empilweni yethu, ngoba sizithobile phambi kwaKho, kulobubusuku, siphenduka ngayo yonke inhliziyo yethu, ukuthi Uzosamukela futhi usenze abantu abathobekile,

abathulile, abangcwelisiwe, abathobekile ngenkonzo yaKho. Siphe lesisibusiso, Nkosi, ealtare esiphezu kwalo. Kunikeze. Futhi khothamisa ikhanda nezinhliziyo yethu phambi kwaKho. EGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, sicela lokhu. Amen, futhi amen.

NgingowaKho, O Nkosi, ngilizwi'iphimbo laKho,
Futhi langitshela ngothando lwaKho;
Ngilangazelela kanjani ukuvuka ezingalweni zokukholwa,
Futhi ngisondezwe kuWe.

Ngisondeze eduze, eduze, Nkosi ebusisiweyo,
Esiphambanweni lapho Wafela khona;
Ngisondeze eduze, eduze, eduze, Nkosi ebusisiweyo,
KweLakho eliligugu, ohlangothini oluvuzayo.

113 Ngase-altare, kulobubusuku, phakathi kwabazalwane bami ophezulu lapha ealtare, ngiyajabula ukubona, kulobubusuku, cishe njengamadoda amaningi njengoba bekhona nabesifazane. Ngokuvamile, ngabesifazane abangenza kancono kalula. Izinhliziyo zabo, kunento ethize ngabo, bangathinteka kalula ngenxa yobufazane. Futhi ba—bangamanenekazi, futhi ngezinye izikhathi ungabathinta. Kodwa ngijabula kakhulu ukubona uMoya oNgcwele ukuthi angathinta amadoda, futhi, futhi awalethe ealtare.

114 Futhi angazi ukuthi bangaki kini ealtare, oguqile manje, ozizwa ukuthi wenze ukuzinikezela kuNkulunkulu, ukuthi uzophuma lapha kulobubusuku, ukuba uphile impilo engcono, wenzele umusa kaNkulunkulu, nokuthi wenze okungaphezulu ngoMbuso kaNkulunkulu, nangenxa yaKhe. Ungaphakamisela isandla sakho kuKristu, uma uzungeze ialtare, yithi, "Ngikholwa ukuthi manje sengiphendukile." Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa.

115 Bangaki kini emuva lapho ozwa ukuthi usuphendukile esihlalweni sakho; uzizwa ngathi ufuna ukwenza kangcono na? UNkulunkulu akubusise.

Manje masisukume.

116 Wena lapha ealtare, phenduka ubheke nga*lapho*, uma uthanda. Manje, wena lapha ealtare, phakamisa izandla zakho lapho, ukuthi ufisa umkhuleko wabo, ukuze ukwazi ukuqhubeka. Uzoziphakamisa izandla zakho kulabo abasezethamelini na? Kulungile. Manje phakamisa izandla zakho emuva lapha, ealtare lapha, ukuze ufise umkhuleko wabo, nawe. Ukuthi sizo . . . UNkulunkulu uzosisiza ukuba senze. Kwangathi iNkosi uJesu ingasibusisa.

Manje, ningakhohlwa inkonzo yangeSonto ebusuku.

117 Awunalo izwi ukuba ulisho, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] NgoLwesibili nangoLwesithathu ebusuku. . . Ikuphi nendawo leyondawo yezithunywa zenkolo na? [UMfowethu Neville uyaphendula.] 1628 West Market, loluLwesibili oluzayo nangoLwesithathu ebusuku.

118 Bese kuthi ngoMgqibelo nangeSonto, ngizoba seMadisonville, eKentucky, ehholo lapho. Bese kuthi-ke siqhubekela enhla singene eNew York.

119 Manje, isizathu sokuthi siphume kuse eli, nginomkhwekazi ogula kakhulu, kakhulu, futhi bayangibiza. Manje masi . . .

120 Unezwi ofuna ukulisho, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, "Qhabo."—Umhl.] Alikho.

121 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, sisakhuleka. Kulungile. Kancane manje:

> UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!
> Nge . . .

*UMprofethi Onamahloni* ZUL56-1125E
(A Blushing Prophet)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa ngo Novemba 25, 1956, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org